UNIVERSITY OF CAMBRIDGE INTERNATIONAL EXAMINATIONS
International General Certificate of Secondary Education

| | | |
|---|---|---|
| CANDIDATE NAME | | |
| CENTRE NUMBER | | CANDIDATE NUMBER |

*7694631021*

**ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE** **0531/01**

Paper 1 Reading and Writing **October/November 2009**

**2 hours**

Candidates answer on the Question Paper.

No Additional Materials are required.

**READ THESE INSTRUCTIONS FIRST**

Write your Centre number, candidate number and name on all the work you hand in.
Write in dark blue or black pen.
Do not use staples, paper clips, highlighters, glue or correction fluid.
DO **NOT** WRITE ON ANY BARCODES.

Answer **all** questions.

At the end of the examination, fasten all your work securely together.
The number of marks is given in brackets [ ] at the end of each question or part question.

| For Examiner's Use | |
|---|---|
| **Total** | |

This document consists of **14** printed pages and **2** blank pages.

DC (CB) 15774/2
© UCLES 2009

UNIVERSITY *of* CAMBRIDGE International Examinations

**[Turn over**

www.xtremepapers.net

**Umsebenzi 1**

Funda le sikhangiso le lodge. Sifunde lesi sikhangiso, bese uphendula imibuzo esekhasini elilandelayo.

***LALA KAHLE LODGE* ******

Amakamelo amakhulu ashaya umoya opholile nemibhede entofontofo. Amakamelo anezindlu zangasese nezokugeza. Amawindi abheke olwandle olukhulu olufudumele olwaziwa nge Indian Ocean. Ungaziphumulela ngaphandle noma wose inyama engadini. Ilala kahle yindawo yokuphumula eseThekwini eduze naseManzimtoti.

Le ndawo inehholo elikhulu elingasetshenziselwa imicimbi ehlukene njengemishado, amaphathi, kanye nemihlangano. Zonke izindlu zinekhishi elincane elinayo yonke impahla yasekhishini. Ukudla kwasekuseni kungadliwa phakathi kwehora le-7 nehora le-10.

Ilala kahle iseduze nesikhumulo sezindiza iDurban International Airport kanti kuthatha imizuzu eyishumi kuphela ukufika olwandle nasezitolo eziningi. Ungahamba isikhathi esingaphansi kwamahora amabili uzithole ususezinntabeni zoKhahlamba.

***Izinto ongazenza ezisondelene neLala kahle**:*

– Ukudoba
– Ukubhukuda olwandle
– Ukuvakashela isiqiwi sezilwane esiseduze
– Ungadlala igalofu nethenisi
– Ungavakashela ipaki lezinyoni

***Izindlela zokukhokha:***

- Ungakhokha imali engukheshi
- Ungasebenzisa ikhadi lesikweletu elinophawu lwe Visa noma olweMastercard

***Ungasithinta:***

Uma ufuna eminye imininingwane noma ufuna ukufaka isicelo sokulala ungaxhumana nathi kuleli kheli elilandelayo. Asikwazi ukukwenza isiqiniselo uma ungazange ubhuke.

Lala Kahle Guest Lodge
101 Toti Street
Amanzimtoti
KwaZulu-Natal
South Africa

| | |
|---|---|
| Ungathinta: | uSiyanda Cele |
| Inombolo yocingo: | +27 32 331 0010 |
| Ikheli le-email: | reservations@lalakhale.com |
| Ikheli leWeb: | www.lalakhale.co.za |



www.xtremepapers.net

**(a)** Lesi sikhangiso siqondiswe kubani?

.......................................................................................................................... [1]

**(b)** Le ndawo ilungele kanjani abantu abadinga ukuhlela imicimbi emikhulu?

.......................................................................................................................... [1]

**(c)** Nikeza izinto **ezimbili** ongazenza eduze kwaseLala kahle uma ungumuntu othanda izilwane.

.......................................................................................................................... [1]

.......................................................................................................................... [1]

**(d)** Kudingeka ukhokhe kanjani uma ungenayo imali engukheshi?

.......................................................................................................................... [1]

**(e)** Kudingekelani ukuxhumana nelodge uma ufuna ukuhlala khona?

.......................................................................................................................... [1]

**(f)** Nikeza izinto **ezimbili** eziyinzuzo ngokuhlala kule lodge.

**(i)**...................................................................................................................... [1]

**(ii)**..................................................................................................................... [1]

[Amamaki: 8]



www.xtremepapers.net

**Umsebenzi 2**

USiyabonga Khumalo, umdlali omncane kunabo bonke eqenjini elimele isizwe lebhola lezinyawo esigabeni sabangaphansi kweminyaka engama-21. Waqala ukudlala ibhola esemncane kakhulu. Isifiso sakhe esikhulu ukudlalela iqembu lesizwe lakhona lapha eNingizimu Afrika elaziwa ngokuthi yiBafana Bafana.

USiyabonga uhlala edolobheni laseThekwini elokishini laseMlazi, esigcemeni sakwa Q enombolo 199. Alukho ucingo kubo kodwa yena unayo inombolo yeselula ethi-089 220 9384 kanye nekheli le-email elithi: siyak@sans.com.

USiyabonga udlala phambili njengomshayi magoli. Emidlalweni eyaziwa ngeDanon Nations Cup wathola imedali yesiliva njengomunye webadlali abadlale ngokuzimisela emncintiswaneni wamazwe esigabeni sabangaphansi kweminyaka engu-21.

Ngenkathi esafunda isikole wayedlalela iqembu lokuqala lebhola lezinyawo elimele isikole futhi manje udlalela amaZulu F.C. Nalapho waklonyeliswa ngendodo njengomdlali owashaya amagoli amaningi eminyakeni emibili ilandelana.

Ngenxa yokudlala kahle kwakhe, uSiyabonga ukhethiwe ukuba adlalele iqembu elikhulu lesizwe. Ngaphambi kokuba aqale ukuzilolonga kuleli qembu kumele agcwalise ifomu.

***Zicabange unguSiyabonga. Gcwalisa ifomu ekhasini elilandelayo usebenzisa imininingwano engenhla.***



www.xtremepapers.net

For Examiner's Use

**Ifomu lemininingwane yakho**

***Isigaba A***

Igama nesibongo: ................................................................................................................

Iminyaka: *19*

Ikheli: ................................................................................................................

Idolobha: ................................................................................................................

Inomobolo yocingo lwasekhaya: ..............................................................................

Inombolo yeselula: ..............................................................................

Ikheli le-email: *siyak@sans.com*

***Isigaba B***

Iqembu olidlalelayo: eqenjini elimele isizwe

..............................................................................

Indawo oyidlalayo: ..............................................................................

Esikhaleni esingezani, bhala uchaze ukuthi ikhona yini imiklomelo oke wayithola eqondene nokudlala kwakho ibhola lezinyawo.

................................................................................................................

................................................................................................................

................................................................................................................

................................................................................................................

................................................................................................................

[Amamaki: 9]

© UCLES 2009



[Turn over

www.xtremepapers.net

**Umsebenzi 3**

Funda le nkulumo elandelayo ethulwa ngumeluleki wezimali lapho eluleka ngokusetshenziswa kahle kwemali ngesikhathi sikaDisemba.

Kuliqiniso ukuthi abantu abaningi eNingizimu Afrika bathola imali yomholo ethe xaxa uma kuphela unyaka ebizwa ngokuthi yibhonasi. Uma uthola le mali nawe emsebenzini ungase ufise ukuthenga i-flatscreen TV noma iselula entsha. Uma usebenzisa ibhonasi yakho yokuphela konyaka ezintweni ezibalulekile, uzosala unemali eningana ephaketheni lakho.

Ngaphambi kokuba ulidle lonke ibhonasi lakho, kubalulekile ukuthi uqale unhlale phansi ucabangisise futhi uhlele ukuthi uzoyisebenzisa kanjani le mali. Abantu abaningi baphaphama ekuqaleni konyaka omusha lapho sebengene ezikweletwini eziningi. Ngakho kubalulekile ukuba nohlelo olulandelayo.

Okokuqala okubalulekile okumele ukwenze ngemali yakho yebhonasi ukuvala izikweletu. Abantu bacabanga ukuthi imali yabo yebhonasi eyokuthenga izinto zikaKhisimusi kuphela. Lokhu akukhona ukuhlakanipha. Kuhle ukuthi uma uthola imali ethe xaxa uyisebenzise ukuvala izikweletu onazo. Qala ngokukhokhela izikweletu ezinenzalo enkulu. Ngokuvamile, lezi yisikweletu ezifana nama-kredit khadi kanye nama-akhawunti asezitolo zefenisha kanye nezezimpahla zokugqoka. Khumbula ukuthi uma uphuma esikweletini esibizayo, izokwanda imali oba nayo ongayisebenzisa ngonyaka ozayo.

Ibhonasi yakho ingaba yisiqalo esihle uma ufuna ukubekela eceleni imali yemfundo ephakeme yakho noma yezingane zakho. Enye yezindleko ezinkulu kakhulu ongabhekana nazo kungaba imali yokukhokha eyunivesithi noma ekolishi.

Ukutshala isamba semali kwempesheni yomqashi wakho, noma esikhwameni sempesheni yakho. Uma unempesheni enkampanini, ungacela umqashi ukuba afake ibhonasi lakho kuleso sikimu. Ekugcineni ukutshala isamba semali kwempesheni kungayinyusa kakhulu imali yakho yomhlalaphansi.

Okunye, wukusebenzisa ingxenye yebhonasi lakho ukukhokhela izindleko zonyaka njengelayisense yakho ye-TV, ukuthelela imoto, nemali yesikole yonyaka ozayo. Lokhu kuzosusa ingcindezi yezimali kuwe ngokuhamba konyaka. Izikole eziningi zinesaphulelo lapho ukhokha imali yesikole yonyaka kusengaphambili kunokuyikhokha izinyanga zonke.

Enye indlela ekahle ukukhokhela imali ephindwe kabili, njengeyendlu noma irenti, ugesi namanzi. Lokhu kusho ukuthi uzobe usuzikhokhele kusengaphambili izindleko zikaJanuwari.

Uma ungenayo imali oyongele izimo eziphuthumayo, kungaba ngumqondo omuhle ukuthatha ingxenye yebhonasi lakho ukuvula isikhwama noma i-akhawunti yezimo eziphuthumayo.

Usebenze kanzima unyaka wonke futhi nakanjani uyakufaneleka ukuzithokozisa. Sebenzisa imadlana ukuzikhipha noma ukuzithengela impahla yokugqoka noma impahla enhle yasendlini. Okunye okusizayo ukubeka imali eceleni izinyanga zonke ukuze uma sekufika lesi sikhathi sonyaka ukwazi ukuthatha iholide uvakashe nomndeni wakho.
Ekugcineni, kumele uqikelele ukuthi imali yakho ikwakhela ikusasa elingcono kunokuyimosha ngezinto ongazidingi nezingabalulekile.



www.xtremepapers.net

For Examiner's Use

Uzothola inkulumo ngokusetshenziswa kwemali eqenjini labafundi ukuze basebenzisane nabazali babo. Ukhethe ukusebenzisa imininingwane ekule ndaba kwenkulumo yakho.

Ukukusiza uhlele inkulumo yakho, yenza amanothi amafishane ngaphansi kwezihloko ezilandelayo:

**(a)** Nikeza izinto ezintathu ongazenza ngemali yakho yebhonasi.

- Tshala imali kwempesheni
- ...........................................................................................................................
- ...........................................................................................................................

**(b)** Yiziphi izikweletu ezivame ukuba nenzalo eningi?

- ...........................................................................................................................
- ...........................................................................................................................
- ...........................................................................................................................

**(c)** Nikeza izindlela ongazibonga ngazo nawe ekupheleni konyaka

- ...........................................................................................................................
- ...........................................................................................................................
- ...........................................................................................................................

[Amamaki: 8]

© UCLES 2009


www.xtremepapers.net

**Umsebenzi 4**

For Examiner's Use

Sebenzisa indaba ekhuluma ngokusetshenziswa kahle kwemali yebhonasi ukuze ubhale ngokufingqiwe ngezinkinga zemali umuntu agangena kuzo kanye nokungenziwa ukuvikela lezi zinkinga.

Ungasebenzisa amanye amanothi ozenzele wona ngenhla.

Indaba yakho efingqiwe kumele ibe yisigaba esisodwa esingeqile emagameni **angama-80**.

Zama ukubhala usebenzise awakho amagama.

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

[Amamaki: 5]



www.xtremepapers.net

**Umsebenzi 5**

Idolobha langakini lifuna ukuba nosuku lokubonga bonke abantu abasiza umphakathi ngezindlela ezahlukene.

Bhalela iMeya/uMphathidolabha umtshela ngomuntu omaziyo futhi obona ukuthi naye kufanele abe ngomunye walabo bantu abazobongwa ngalokho okuhle abakwenzela umphakathi.

Incwadi yakho kumele ibe ngamagama **angama 150 – 200** ubude.

Ungakhohlwa ukuveza lokhu okulandelayo:

- Ungubani lo muntu
- Uwusiza ngani umphakathi
- Khombisa ukuthi iMeya ingenzani ukugqugqquzela abasha basedolobheni langakini.

© UCLES 2009

www.xtremepapers.net

**Umsebenzi 6**

Funda le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Igoli elikhulu le-Angola**

Ngesikhathi ngivakashela e-Angola okokuqala, angizange ngibone ukuthi sengingenile kulo lelizwe. Ngonyaka ka 1987 ngangihlala eZambia eduze nomngcele wase Angola. Kunemigwaqo emincane eyisihlabathi ehamba emahlathini angapheli. Ngangivame ukulahleka endleleni lapho ngiya emadolobheni akude. Lapho ngima ngibuza indlela, uma umuntu engibuza kuye ekhuluma isiPutukezi ngase ngazi ukuthi kumele ngiphuthume ngibuyele emuva ngoba ngase ngeqe umngcele ongabonakili ngangena kwelinye izwe. Ngenkathi izwe lase Angola seliphumile ngaphansi kwePortugal, laqala laba nezimpi zombangazwe. Isizukulwane sase Angola asikwazanga ukuthi kwakunjani ukuhlala ngokuthula.

Zazikhona izinto eziyizimangaliso ngalelizwe ngaphandle kokuba nemingcele engabonakali: Ibhola lezinyawo lalidlalwa yonke indawo. Ibhola lalidlalwa uquqaba lwentsha kusukela ezihlabathi zolwandle, eceleni kwemigwaqo kuze kufike nasemadolobheni. La mabhola ayenziwe ngezinto ezimangazayo njengezikibha ezindala noma amanethi okudoba noma izikhwanyana zabesifazane ezigcwakliswe ngamaphepha notshani. Kodwa ayegingqika futhi ebhampa. Impi ayikwazanga ukubulala uthando lwebhola e-Angola.

Abadlali abaningi bebhola base-Angola balishiyile lelizwe baya kwamanye amazwe ukuyozama impilo khona, ikakhulukazi ePortugal. Noma kunjalo, ubuzwe babo babugcinile futhi uma bebizwa ekhaya ukuba bazogqoka ijezi elibomvu lesizwe bayabuya ngempela ngaphandle kokungabaza. Baziwa kakhulu ngokuthi ngama*Palancas Negras,* "izinyamazane ezimnyama."

Ngomhla wesishagalombili enyangeni ka-Okthoba ngonyaka ka 2005, iqembu lesizwe lase-Angola lafika enkundleni yase Kigali e-Rwanda. Ngalesi sikhathi kwenzeka isimo esimangazayo esingukuthi uma i-Angola ingahlula iqembu laseRwanda ngegoli elilodwa nje, bazongena ohlwini lamazwe endebe yomhlaba ngaphambi kweNigeria – noma ngabe kwenzekani emdlalweni weNigeria neZimbabwe. Akumnandi ukulinda kubantu base-Angola abahleli izindlebe zabo zinamathele emsakazweni yabo. Impilo ithe ukuma enhlokodolobha iLuanda. Wonke amadolobha ahlanganyele ndawonye eduze kwemisakazo. Mhlawumbe nezinyamazane imbala zike zama nse emathafeni zilule izindlebe zazo...

Ingxenye yokuqala yomdlalo iphela kuseyi 0-0. Ngalesi sikhathi, iNigeria iyayihlula iZimbabwe. Kodwa eKigali umdlalo uyaqhubeka ngaphandle kokungena kwegoli. Kubonakala sengathi izinto ziyayibhedala i-Angola. Ukwesaba sekwehlele kubadlali. Iqembu laseRwanda lidlalela isithunzi salo futhi licishe lashaya amagoli izikhathi eziningi. Wonke umuntu uyavuma ukuthi iqembu lase Angola lidlala kabi. Ibhola lilahleka kalula futhi badlala umdlalo ongenakuxhumana njengabadlali. Sekusele imizuzu elishumi kuphela. abadlali base Angola sebecishe bayeke ukuzama kwabo manje. Kuthe uma kungena uZé Kalanga waphasela u-Fabrice "Akwa" Majeco ngasesandleni sokudla walishaya ngekhanda langena phakathi emapalini eRwanda. Ibhola liqale labhampa phansi kanye ngaphambi kokuba lindize lingene enethini. Kube yilona kuphela igoli kulo mdlalo.

Kufanele ukuba uhlale e-Afrika isikhathi eside ukuze uqonde kahle ukuthi lempumelelo isho ukuthini. Vele sonke siyazi ukuthi iqembu lase-Angola aliphumelelanga ukuqhubekela phambili kakhulu kule mncintiswano kodwa impulelelo enkulu yaba sekunqobeni iRwanda. Akukho ndebe eyaba khona ngalokho. Lokhu kunqoba kwaqala ezinhliziyweni zabantu bonke base-Angola. Ukufinyelela emdlalweni yokugcina yendebe yomhlaba kwakuyinto enkula kakhulu eyavusa nokuzethemba njengezwe noma kade libhekenene nezimpi nezinhlupheko. Izwe elaligqilazekile isikhathi eside lase lakheka kabusha.



www.xtremepapers.net

Phendula le mibuzo **ngesiZulu**.

*For Examiner's Use*

**(a)** Umbhali wayebona kanjani uma eseqe umngcele wangenela e-Angola futhi yini eyayenza kube lula ukuthi lokhu kwenzeke?

..........................................................................................................................................

.................................................................................................................................... [2]

**(b)** Kungani kwakufuneka ukuthi umbhali asheshe abuyele emuva abe sohlangothini lwaseZambia?

.................................................................................................................................... [1]

**(c)** Yini eveza ukuthi uquqaba lwentsha eyayidlala ibhula yayihlupheka?

.................................................................................................................................... [1]

**(d)** Sazi ngani ukuthi abadlali base-Angola abaya ePortugal abalilahlanga izwe labo? Nikeza **okubili**.

.................................................................................................................................... [1]

.................................................................................................................................... [1]

**(e)** Yiliphi ilizwe elalingavimba i-Angola ukuthi ingayi emdlalweni yendebe yomhlaba?

.................................................................................................................................... [1]

**(f)** "Mhlawumbe nezinyamazane imbala zike zama nse emathafeni zilule izindlebe zazo." Kungani umbhali eveze lezi zilwane ikakhulukazi, wangaveza olunye uhlobo lwezilwane?

.................................................................................................................................... [1]

**(g)** Yimuphi umusho endabeni oveza ukuthi abadlali base-Angola bacishe balahlekelwa yithemba lokungena ohlwini lwemidlalo yendebe yomhlaba emdlalweni wabo wokugcina?

.................................................................................................................................... [1]

**(h)** Chaza ngawakho amazwi ukuthi kungani umbhali ecabanga ukuthi akunandaba ukuthi iqembu lase Angola aliwinanga indebe yomhlaba.

..........................................................................................................................................

.................................................................................................................................... [1]

[Amamaki:10]



www.xtremepapers.net

**Umsebenzi 7**

Isikole senu sihlongoza ukuthi amaselula angasetshenziswa esikoleni. Nakhu okunye okuphawulwe ngabanye abafundi esikoleni.

"Amaselula ayaphazamisa uma kufundwa futhi abanye abawesebenzisi ngendlela."

"Iselula yami iyangisiza uma ngidinga ukufonela abazali bami ukuze bangilande uma sekuphume isikole."

"Abantu abasebenzisa amaselula abahloniphi abanye ngezikhathi eziningi."

"Amaselula abalulekile futhi ayingxenye yentuthuko nesikhathi esiphila kuso."

Bhala incwadi eya kuthishomkhulu wesikole senu lapho uveza imibono yakho ngesihloko samaselula.

Imibono engenhla ingakunika amasu, kodwa uvumelekile ukusebenzisa eyakho imibono.

Indaba yakho kumele be ngamagama angame 200-250.



www.xtremepapers.net

